**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE YOKUVULA I-COST CENTRE EXOBHO MHLAKA 31 OCTOBER 2008**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Namhlanje siphothula inyanga ka-October eyaziwa njengenyanga yezokuThutha kuzwelonke. Kule nyanga sihlale sibheka imikhakha ehlukene kwezokuthutha, kanti kulo nyaka besibheka uhlelo lwethu lwezokuthutha ngo-2010 nangemuva kwawo.

- Uhulumeni wethu uthatha iNdebe yoMhlaba njengeletha umnyakazo omkhulu kwezokuthutha eNingizimu Afrika. Nangemuva kweNdebe yoMhlaba ka-2010, izinhlelo zethu zokuthutha kumele zikwazi ukusimamisa umnotho wethu.

- Kodwa besifuna ukuqinisekisa futhi ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, siyaqhubeka nokuletha ingqalasizinda yezokuthutha emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Njengohulumeni, siyabazi ubukhulu bomsebenzi osihlalele nesibopho esinaso sokuqinisekisa ukuthi uhlelo lwethu lwengqalasizinda luhambisana nemigomo kwazwelonke futhi lube negalelo ekuthuthukisweni nokukhuliswa komnotho.

- Ngakho-ke, ukuvulwa kwale Cost Centre namhlanje kufakazela kona ukuzibophezela kwethu njengohulumeni, ekwakhiweni kohlelo lwezokuthutha olusebenza kahle ngesikhathi esifanele, noluhambisana ngokuphelele nezidingo zabantu bakithi. Ukwakhiwa kwalesi sikhungo kudle u-R4,3 million.

- Siyazi ukuthi le Cost Centre isabhekene nenselelo yokugcwalisa izikhala zemisebenzi, ikakhulukazi yobuchwepheshe nobunjiniyela. Lokhu kungenxa yokuntuleka kwamakhono ezweni lonke kanye nokuntuleka kwendawo ekahle yokuhlala eXobho.

- Yingakho-ke njengamanje uMnyango ususabalalise izinhlelo zawo zokuthuthukiswa kwamakhono kuyona yonke imikhakha yezinhlelo zokufukula imiphakathi. Phela abasebenzi boMnyango sithi bayingxenye ebaluleke kabi ekufezeni umsebenzi esithunywe wona.

- Inhloso yethu ukuthuthukisa amakhono nokwenza amasu okugcina abasebenzi behleli emnyangweni ukuze uMnyango ube sesimweni sokwenza umsebenzi othunywe wona futhi ube uqhubeka nokwenza izinguquko zoMnyango.

- Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi kungagcini ngokukhuthaza ukutholakala kwamakhono antulekayo kuphela, kodwa uMnyango uwagcine nalawo makhono osuvele usunawo.

- Nakuba ngikholelwa ekuvikelweni kwamalungelo esintu, ngikuthola kunzima ukuthi njengoMnyango siqhubeke nokuchitha izimali ekuthuthukiseni abasebenzi, kodwa bajike bathathwe eminye iminyango noma baye ezinkampanini ezizimele. Ngempela kumele kwenziwe okuthile ukulungisa leso simo.

- Masenze uMnyango ube ikhaya lethu, sikhombise ukuthi izinkinga zawo ngezethu sonke. Njengomndeni wezokuthutha sidinga ukuqhamuka nezixazululo ngokuhlanganyela. Siyawadinga amakhono ukuze silwe nobubha, obudala ubugebengu nokungahlonishwa komthetho.

- Odabeni lwendawo yokuhlala, ngiyathemba lungaxazululeka ngokusebenzisana nomasipala wendawo. Siyazi phela ukuthi KwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika yonke, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kwaphambilini bekungayihlinzeki ngokwenele enye ingqalasizinda yomphakathi.

- Lona kusengumsebenzi omasipala bethu okumele bawubheke ekuhleleleni ukuthuthukiswa kwengqalasizinda nemigomo yokusetshenziswa komhlaba.

- Ekugcineni, ngithanda ukubonga bonke ochwepheshe bethu kanye nazo zonke izinhlaka esisebenzisana nazo, abahlala bezimisele ngokusiza lo Mnyango, badinga ukushayelwa ihlombe.

- Manginihalalisele ngalesi sikhungo senu esisha, ngethemba lokuthi sizokuba yisakhiwo esibalulekile esinosizo lapho kuzohlomula khona umphakathi wonke wale ndawo.

**Ngiyabonga.**